

NAL'IBALI

Support beginner readers!

Between the ages of six and nine, most children learn to read for themselves. So, what can you do to help them develop as readers? Well, the most important thing you can do is to keep reading to them! Here are some ideas for doing that.

Yeseka abafundayo abasaqala!

Phakathi kweminyaka eyisithupha neyisishiyagalolunye yobudala, iningi lezingane lifunda ukufunda okubhaliwe ngokwalo. Ngakho, ungenzani ukuzisiza zikhule njengabafundi? Kuhle-ke, into ebaluleke kakhulu ongayenza wukuqhubeka ubafundele! Nawa amasu athile okwenza lokho.

WHICH BOOKS TO CHOOSE

- ♥ Let your children select books that appeal to them. Children very often find an author, a type of story or a series they like, and this might inspire them to read more books.
- ♥ As they start to read on their own, help your children choose books that are not too difficult so that they are able to have lots of successful reading experiences.
- ♥ Keep more difficult books for you to read to your children.



YIZIPHI IZINCWADI ONGAZIKHETHA

- ♥ Dedela izingane zakho zikhethe izincwadi ezikhuluma nazo ngqo. Izingane zivamisile ukuthola umbhali, uhlobo lwendaba noma uchungechunge eziluthandayo, futhi lokhu kungase kuzikhuthaze ukuthi zifunde izincwadi ezengeziwe.
- ♥ Lapho seziqala ukuzifundela zodwa izingane zakho, zisize ukuthi zikhethe izincwadi ezingenzima kakhulu kuzo ukuze zikwazi ukuba nesikhathi sokufunda esiyimpumelelo.
- ♥ Gcina izincwadi ezinzima kakhulu ukuze uzifundele zona izingane zakho.



Talk about stories

- Help your children make connections between the things they are reading about and real life. For example, if they are reading about school, link it to their own experience of school.
- Extend stories by asking your children to think about why characters behaved in certain ways and what your children might have done if they were in the same situation.


Xoxa ngezindaba

- Siza izingane zakho zikwazi ukuxhumanisa izinto ezifunda ngazo, kanye nempilo yangempela. Ukwenza isibonelo, uma zifunda ngesikole, lokho kuxhumanise nolwazi lwazo lokuba sesikoleni.
- Yelula izindaba ngokucela izingane zakho zicabange ngokuthi kungani abalingiswa beziphatha ngezindlela ezithile, nokuthi izingane zakho bezingenzani ukuba bezisesimani esifanayo.



More tips

- ★ Sing songs, say tongue twisters (such as: red lorry, yellow lorry) and read rhymes together to get children used to the different sounds in words. This helps them master the skills they need for their own reading and writing.
- ★ Create some opportunities for your children to read to you. For example, once a week take turns reading aloud to each other just before bedtime.
- ★ Read the stories your children ask for again and again, but also encourage them to read their favourite stories again themselves. This helps them to become more confident readers.
- ★ Remember that the most important thing is to make reading a relaxed, meaningful and satisfying experience.



Amacebo engeziwe

- ★ Culani amaculo, nisho okuphithanisa ulimi (njengokuthi: iqaqa leqa umgwaqo, amalanda ayalandelana) bese nifunda imilolozelo ndawonye ukwenza izingane zijwayele imisindo eyehlukene emagameni. Lokhu kuzisiza zikwazi ukuba ngongoti kumakhono ezizwadingayo ekufundeni nasekubhaleni kwazo.
- ★ Dala amathuba athile okuba izingane zakho zikufundele. Ukwenza isibonelo, kanye ngesonto shintshanani nifundelane kuzwakale ngaphambi nje kwesikhathi sokulala.
- ★ Funda izindaba izingane zakho ezilokhu zizicela, kodwa futhi zikhuthaze ukuthi ziphinde zifunde izindaba ezizikhonzile ngokwazo. Lokhu kuzisiza ukuthi zibe ngabafundi abazethemba kakhudlwana.
- ★ Khumbula ukuthi into ebaluleke kakhulu wukwenza ukufunda kube yisenzo esikhululekile, esinencazelo nesenenisayo.

We will be taking a break until the week of 29 July/3 August 2021. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zi-29 kuNtulikazi/3 kuNcwaba kowezi-2021. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Nal'ibali does it again!

For the past eight years, Nal'ibali has been celebrating World Read Aloud Day by calling on members of the public countrywide to read a story out loud to children in their home language. Every year since 2013, when we held our first World Read Aloud Day campaign, Nal'ibali has made it a goal to reach more children than the year before. Despite the challenges of running the campaign during the COVID-19 lockdown, with libraries, schools and learning centres being closed, we have once again been able to reach more children than before. Nal'ibali has set a new read-aloud record in South Africa after receiving pledges to read to **3 004 896** children on World Read Aloud Day 2021!

The pandemic affected the way in which Nal'ibali ran the campaign this year. Usually, we work with our partners to host read-aloud events at schools, community centres and libraries throughout the country. Because of the lockdown and social distancing regulations, we had to change the way in which we approached the campaign. Instead of huge events, we encouraged one-on-one or small group readings between caregivers and children at home.

"We were cautious about this new approach, but ultimately, it is the type of reading behaviour that we want to see," said Yandiswa Xhakaza, Nal'ibali CEO. "Parents are their children's first teachers and supporting a simple routine of reading by using our free literacy resources means they can nurture a lifelong habit of reading with their children."



Magriet Brink & Leo Daly

Ubhubhane luthikameze indlela uNal'ibali apatha ngayo umkhankaso kulo nyaka. Ngokujwayelekile, sisebenza nabalingani bethu ukwenza imicimbi yokufunda kuzwakale ezikoleni, ezikhungweni zomphakathi nasemitatsheni yezincwadi ezweni lonkana. Ngenxa yemithetho yomvalelwandlini nemigomo yokuqhelelana, bekumele siguqule indlela esenza ngayo umkhankaso. Esikhundleni semicimbi emikhulu, sikhuthaze ukufundela umuntu ubuso nobuso noma iqembu elincane phakathi kwabanakekeli kanye nezingane ekhaya.

"Besiqikelela ngale ndlela entsha, kodwa ekugcineni, iwuhlobo lokuziphatha kokufunda esifuna ukukubona," kusho uYandiswa Xhakaza, iSikhulu Esiphezulu sakwaNal'ibali. "Abazali bangothisha bokuqala bezingane zabo kanti ukusekela inqubo elula yokufunda ngokusebenzisa izinsiza zamahhala zokufunda nokubhala kuchaza ukuthi bangakhulisa umkhuba wempilo yonke wokufunda ezinganeni zabo."



The more children read, the more they learn to love to read!

Lapho izingane zifunda njalo, kulapho zifunda kakhulu khona ukuthanda ukufunda!



Small group readings enabled children and their caregivers to celebrate World Read Aloud Day in a safe environment.

Ukufunda kwamaqembu amancane kwenzwe izingane nabanakekeli bazo bakwazi ukubungaza uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale esimweni esiphephile.



Drive your imagination

In preparation for World Read Aloud Day we once again produced a special story. This year our story was, *Fly, Afrika, fly!*, written by Sihle Nontshokweni and illustrated by Magriet Brink and Leo Daly.

It featured the much-loved Nal'ibali characters, with Afrika taking the lead. The story was available in all 11 official languages and appeared in our World Read Aloud Day edition of the supplement, as well as on specially designed story cards (with activity ideas and tips on reading aloud) that were given away.

It has been very encouraging to see more people visiting our data-free website, www.nalibali.org, to download free children's stories or sending a WhatsApp with "stories" as the subject to **060 044 2254** and starting a reading routine with their children. By highlighting the importance of reading enjoyable stories to children in their home language every day, we hope to encourage all South Africans to help grow children's literacy, whether at home, at school or in the community.



Sihle Nontshokweni, the author of *Fly, Afrika, fly!*, our 2021 World Read Aloud Day story, advertises the campaign.

USihle Nontshokweni, umbhali wendaba ethi *Ndiza, Afrika, ndiza!*, indaba yethu yangowezi-2021 yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ukhangisa ngomkhankaso.

Ukulungiselela uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale siphinde sakhiqiza indaba ekhethekile. Kulo nyaka indaba yethu bekungethi, *Ndiza, Afrika, ndiza!*, ebhalwe nguSihle Nontshokweni kwathi imidwebo yadwetshwa nguMagriet Brink noLeo Daly.

Ibifaka phakathi abalingiswa bakaNal'ibali abathandwayo, lapho u-Afrika abehamba phambili khona. Indaba ibitholakala ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni futhi isivele oshicilelweni lwesithasiselo soSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, kanye nasemakhadini endaba enziwe ngokukhethekile (anemibono yemisebenzi kanye namasu ekufundeni kuzwakale) okuphiswane ngawo.

Kukhuthaze kakhulu ukubona sesikhulile isibalo sabantu abavakashela isizindalwazi sethu esingadingi madatha, ku-www.nalibali.org, ukukhipha izindaba zamahala zezingane noma bethumela umyalezo we-WhatsApp osihloko sithi "stories" ku-**060 044 2254** futhi beqala inqubo yokufunda nezingane zabo. Ngokugqamisa ukubaluleka kokufunda izingane izindaba ezithakazelekayo ngolimi lwazo lwasekhaya nsuku zonke, sethamba ukuthi sizokhuthaza zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ukusiza ukukhulisa ukufunda nokubhala kwezingane, ekhaya, esikoleni noma emphakathini.

Reading aloud is a fundamental building block of literacy. It is how we introduce books and reading to children and motivate them to learn to read and write for themselves. Reading is a basic foundational skill, which underpins all school learning, and is what we need to be focusing on right now if we want to help children catch up the schooltime they lost due to COVID-19 last year.

Yandiswa Xhakaza, Nal'ibali CEO



Ukufunda kuzwakale kuyisisekelo esibalulekile sokubhala nokufunda. Kuyindlela esethula ngayo izincwadi kanye nokufunda ezinganeni kanye nokuzigqaguzela ukuthi zifunde ukuzifundela nokuzibhalela. Ukufunda kuyikhono elibalulekile eliyisisekelo, elisekele konke ukufunda esikoleni, futhi liyilokhu esidinga ukuthi sigxile kukho njengamanje uma sifuna ukusiza izingane zibuyise isikhathi sesikole esizilahlekele ngenxa yoKhuvethe ngonyaka owedlule.

NguYandiswa Xhakaza, iSikhulu Esphezulu sakwaNal'ibali



We did it ...
Thank you!
 Together, on World Read Aloud Day, we read to
3 004 896
 children across South Africa!
 Sikwenzile kwenzeka ...
Siyabonga!
 Sindawonye, ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, sifundele izingane eziyizi-
3 004 896
 eNingizimu Afrika yonkana!

Spread the love and tell us your African stories

Nal'ibali is looking for short, original children's stories in all 11 official SA languages to publish in print and on air. Help us keep spreading the joy of reading far and wide. Send your story today in a Word document to stories@nalibali.org

For story guidelines see www.nalibali.org/story-resources/your-stories

Fafaza uthando ngokusixoxela izindaba zakho ezisuka e-Afrika

UNal'ibali ufuna izindaba ezimfushane, ezintsha ezixoxelwa izingane ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika ukuze azishicilele futhi zidlalwe emoyeni. Sisize siqhubeke nokusabalalisa injabulo yokufunda kude naseduze. Thumela indaba yakho namuhla uyibhale nge-Word document ku-stories@nalibali.org

Ukuze uthole imihlahlandlela yokuxoxwa kwezindaba vakashela ku-www.nalibali.org/story-resources/your-stories



Get the most out of the Na'ibali Supplement

Here are some ideas for using the Na'ibali Supplement – again and again!



Thola okuningi kakhulu okuphuma kuSithasiselo sikaNa'ibali

Nayi eminye imibono ongasisebenzisa ngayo iSithasiselo sikaNa'ibali – futhi futhi!

1 Make story resources. Take the pages for the cut-out-and-keep books (pages 5–12) out of the supplement. On your own or with the children make these into books for the children to use. Use the longer Story Corner stories (pages 14 and 15) to create story cards by pasting them onto cardboard and covering them with cling wrap.

1 Yakha izizinda zezindaba. Thatha amakhasi ezincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina (amakhasi 5–12) aphuma kuSithasiselo. Uwedwa noma nezingane wenze abe yizincwadi ezizosetshenziswa yizingane. Sebenzisa izindaba ezindana zeKhona Lezindaba (ikhasi le-14 nele-15) ukwakha amakhadi endaba ngokuwanamathisela ebhodini lamakhadi nangokuwemboza ngesembozo esinamathelayo.

2 Read aloud. Use the cut-out-and-keep books as stories to read aloud to your children. Let the children follow along in their own copies as you read to them. For older children, you can do this with the Story Corner stories too.




2 Funda kuzwakale. Sebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina njengezindaba ozifunda kuzwakale ezinganeni zakho. Izingane mazilandele kumakhophi azo ngesikhathi uzifundela. Ezinganeni ezindadlana, ungakwenza lokhu nangezindaba zeKhona Lezindaba.

3 Read in two languages. Have fun learning to read in two languages. First read the cut-out-and-keep books in your most familiar language and then in the other language.

3 Funda ngezilimi ezimbili. Thokozela ukufunda ukufunda okubhaliwe ngezilimi ezimbili. Qala ngokufunda izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina ngolimi lwakho olujwayeleke kakhulu bese emva kwalokho uzifunde ngolunye ulimi.

4 Tell a story. Familiarise yourself with the Story Corner stories and then tell them to your children.



4 Xoxa indaba. Zejwayeze izindaba zeKhona Lezindaba bese uzixoxela izingane zakho.



5 Do activities. Use some of the "Get story active!" ideas that appear in the Na'ibali Supplement to help your children understand and think more deeply about stories.



5 Yenza imisebenzi. Sebenzisa amanye amasu engosi ethi "Yenza indaba ihlabe umxhwele!" avela kuSithasiselo sikaNa'ibali ukusiza izingane zakho ukuqondisisa kanye nokucabanga ngokujulile ngezindaba.

6 Share the news. Look out for the Na'ibali News, Na'ibali Bookshelf and Celebrate features in different editions of the supplement. Cut out these features and display them in places where parents, children and staff can find out more about reading for enjoyment.





6 Yabelana ngezindaba. Bheka Izindaba zikaNa'ibali, Ishalofu Lezincwadi zikaNa'ibali kanye nezingosi zeMibungazo ezintshicilelweni ezahlukene zesithasiselo. Sika ukhiphe lezi zingosi bese ubukisa ngazo lapho abazali, izingane kanye nezisebenzi zizokwazi ukuthola khona okwengeziwe mayelana nokufundela ukuzithokozisa.




Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

“Get that juggling cat,” shouted the one Brother Sly pointing at Theo. “And that pig.”

“The pig – what for?” shouted the other brother.

“Breakfast, of course.”

“Landa leliya kati eliphonsa libuye lenqake izinto,” kumemeza omunye uBrother Sly etshelela omunye ekhomba uTheo. “Kanye naleya ngulube.”

“Ngabe izokwenzani-ke ingulube?” kumemeza omunye umfowabo.

“Empeleni, izoba isidlo sasekuseni!”



Kusenjalo, uTheo washelela. Iqhwa laqala ukuncibilika enqoleni, kwenzeka njalo nasezinhlanzi. UTheo wabamba inhlanzi eyodwa, kodwa nezinye zaqala ukuphuma onqengemeni. Wabamba enye inhlanzi, kanye nenye futhi, ede eziphonsa emoyeni.

Then, Theo slipped. The ice started to slide off the trolley and so did the fish. Theo grabbed one fish, but the rest began to flop over the edge. He grabbed another fish and another, flipping them up into the air.



Hop on board for a reading adventure ...



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanzi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination

Theo and the circus act



UTheo nomnyakazo wesekisi


Wendy Hartmann

Joan Rankin



“QHABO BO! Kodwa ngizokwenzenjani?” kusho uTheo. “Kumele ngixwayise wonke umuntu.” Wazama ukuzimpintsha angene phakathi kwesixuku, kodwa akekho owanyakaza ngoba kwase kudlala Wagcina eseseceleni kwestitolo sezinhlanzi sikaPapa Prawn. Inqola yezinhlanzi yayingaphandle ngakho uTheo wagibela phezu kwayo ukuze abone kahle. Wayebona kuphela ikhanda likashela ngesikhathi eqala ukugxumagxuma njengengenye yazokwenza.

“OH NO! What am I going to do?” said Theo. “I have to warm everyone.” He tried to squeeze through the crowd, but nobody moved because the acts had started. He ended up next to Papa Prawn’s fish shop. The fish trolley was outside so Theo climbed onto it to get a better view. He could just see Sheila’s head as she started to bounce as part of her act.



Theo dived for cover. Sheila snorted and did a magnificent somersault. She twisted and turned and aimed carefully. She landed with a heavy thump, right on top of the Brothers Sly.

UTheo wacasha. USheila washaya amakhala wenza unqimphothwe omhle kakhulu. Wazibhija waphenduka wase ehlela phansi ngokucophelela. Wawela bh, phezu kobrother Sly.

Theo lived right next to the library. The other cats in town lived together at Cat Cottage, but not Theo. He lived with his mother and his brother and sister. Theo loved living there. He loved reading and he loved asking questions.

One day Theo asked his mother where the stars went in the day, why the sea looked blue and if sharks slept at night. His mother sighed and pointed. “There’s the library. Off you go and look in a book.”

UTheo wayehlala eceleni komtapo wezincwadi. Amanye amakati asedolobheni ayehlala ndawonye eKotishi Lamakati, kodwa hhayi uTheo. Wayehlala nomama wakhe nomfowabo kanye nodadewabo. UTheo wayekuthanda ukuhlala lapho. Wayekuthanda ukufunda kanye nokubuza imibuzo.

Ngelinye ilanga uTheo wabuza umama wakhe ukuthi ziyaphi izinkanyezi emini, nokuthi kungani ulwandle luluhlaza okwesibhakabhaka nokuthi ngabe oshaka bayalala yini ebusuku. Unina waphefumula wase ekhomba. “Nankuya umtapo wezincwadi. Shona khona uyobheka encwadini.”



“Back to the library,” Theo said. “I have something very important to do.”

And Theo went back to the library to search the shelves. He wanted to find out everything there was to know about ... *WHO KNOWS WHERE.*

“Ngibuyela emtatsheni wezincwadi,” kusho uTheo. “Kunento ebalulekile okumele ngiyenze.”

UTheo wabuyela emtatsheni wezincwadi wayobheka emashalofini. Wayefuna ukuthola kabanzi ngendawo okuthiwa ... *kuLAPHO OKUNGAZIWA KHONA.*




Will I ever find my shoes?
 Ngabe ngiyoke ngizithole
 izicathulo zam?



Ngibone izicathulo
 zakho? Cha,
 hhayi mina.

Seen your shoes?
 No, not me.



Lots more free books at bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
 imagination

Shongololo's shoes Izicathulo zikaShongololo

Megan Lötter
 Jacqui L'Ange
 Marteli Kleyn





Izicathulo? Ezingaki?
Hamba uyobuza
uMakhohwase.

Shoes? How many?
Go ask Flamingo.




Where are all my shoes? I know I left
them here!

Zikuphi zonke izicathulo zami?
Ngiyazi ukuthi ngizishiye lapha!



Shoes, eh? You
should ask the
monkeys.
Izicathulo, e?
Kumele ubuze
izinkawu.






I'm in a hurry. Go ask Frog.
 Ngiyaphuthuma mina.
 Hamba ukuyobuza uXoxo.



We're busy. Go ask Owl. She
 knows everything!
 Simatasatasa. Hamba uyobuza
 uSikhova. Wazi konke!

Hello, hello!
 Sanibonani, sanibonani!



Akunazicathulo la. Hamba uyobuza uNdulamithi.



No shoes here. Go ask Giraffe.

I haven't seen your shoes. Go ask Snail.



Angizange ngizibone izicathulo zakho. Hamba uyobuza uMnenke.

Hmm. Ngincebiso. Kungani ungabuzi ubhubesi?




Hmm. I have an idea. Why don't you ask Lion?

These are yours? I'll give them all back if you come to my party!

Ngabe ngezakho lezi? Ngizokubuyisela zona zonke uma uza edilini lami!





OBROTHERS SLY
 EZILWANE EZIDLALA IMIDLALO
 ETHILE ZITHUNYELWA
 NGAPHANDLE YONKE INDAWO
 Zishibhile! Indali!

“Bangamaqola,” kumemeza uTheo. “Bhekani iphosta.” Kwaphenduka amakhanda. Kwathula kwathi cwaka. Wonke umuntu wafunda iphosta kakhulu:

THE BROTHERS SLY
 PERFORMING PETS
 EXPORTED EVERYWHERE
 Cheap! Sale!

“They’re crooks,” shouted Theo. “Look at the poster!” Heads turned. There was hush. Everyone read the poster out loud:

“Then that means we’re all safe,” said someone else.
 “I’m going home,” said Sheila, “to practice my bouncing.”
 “And we are going home to celebrate,” said the cats. So each and every cat turned to go back to Cat Cottage. Each and every cat that is, except Theo.
 “Where are *you* going?” they asked him.
 “Lokho-ke kusho ukuthi siphephe sonke,” kusho omunye.
 “Ngisaya ekhaya,” kusho uSheila, “ngiyozijwayeza ukubhampa.”
 “Kanti thina siyagoduka ukuze siyogubha,” kusho amakati. Ngakho ikati ngalinye laphenduka labhekisa amabombo eKotishi Lamakati. Ikati ngalinye, ngaphandle kukaTheo.
 “Uyaphi wena?” kubuza wona.



Edolobheni, uMgwago Omkhulu wawuminyene. Kwakufike zonke izinhlobo zezilwane zizodlala imigilingwane ethile: ezinkulu, ezincane, ezimfushane kanye nezinde, lezo ezinezimpaphe kanye nezinoboya. UTheo wayesemuva futhi engakwazi ukubona okwenzekayo. Wahamba wazungeza iveni yasesekisini. Ngesikhathi enzenjalo wabona iphosta exebukayo eceleni.
 Kwakunenye ngaphansi kwayo. Le yayisho into eyehlukile kakhulu ngeBrothers Sly. Yayithi babezothengisa izilwane.

In town, Main Street was crowded. All kinds of animals had arrived to perform tricks: big animals, small ones, short and tall, those with feathers and those with fur. Theo was stuck at the back and could not see what was going on. He moved around the circus van. As he did, he noticed the poster peeling off the side.
 Underneath there was another poster. This one said something quite different about the Brothers Sly. It said that they were going to sell the animals.

Theo did not mind. He wandered through the library searching the shelves. On the wall, he saw a poster. Never had he seen anything like it before. There were pictures of animals doing all kinds of things. It said: “Circus acts needed! Speak to the Brothers Sly.”
 “WOW!” he said. “I have to let the other cats know.”
 He rushed out of the library and saw a van driving down the street. It had the same poster on the side. “That must be the circus van!” he thought.
 UTheo akazange abe nankinga ngalokho. Wazungeza emtatsheni wezincwadi ecinga emashalofini. Wabona iphosta odongeni. Wayengakaze ayibone into efana nayo phambilini. Kwakukhona izithombe zezilwane ezenza izinhlobo zezinto eziningi ezahlukeneyo. Yayibhalwe ukuthi: “Kudingeka abazokwenza imigilingwane yasesekisini! Xhumana neBrothers Sly.”
 “NGCINGCI!” kusho yena. “Kumele ngazise amanye amakati.”



Waphuma egijima emtatsheni wezincwadi wase ebona iveni yehla ngomgwaqo inephosta efanayo ohlangothini. “Kufanele ukuthi iveni yasesekisini le!” ezicabangela yena.





“Theo!” she shouted. “I’m going to be an acrobat, but I need a costume! An acrobat cannot perform without a costume.” Sheila landed heavily on the ground and headed for town. Everyone followed.

“Theo!” kumemeza yena. “Ngizoshibeka emoyeni, kodwa ngidinga ikhositshumu yakhona! Oshwibekayo akakwazi ukwenza lokhu engagqokanga khositshumu yakhona.” USheila wehlela phansi ngamawala wase eqonda edolobheni. Bathi bhu bonke emva kwakhe.

When Theo arrived at Cat Cottage, he knocked on the door and banged on the windows, but there was not a cat to be seen. Then, he heard a strange sound. It was coming from Mr Khumalo’s farm. He rushed over and there was Sheila, Mr Khumalo’s pig, bouncing on a tractor tube. All the cats were watching her, their heads bobbing up and down as she went higher and higher.

Lapho uTheo efika eKotishi Lamakati, wangqongqoza emnyango wase ebhaklaza nasemawindini, kodwa kwakungekho nelilodwa ikati. Wase ezwa umsindo ongejwayelekile. Wawuqhamuka epulazini likaMnumzane uKhumalo. Waphuthuma khona kanti lapho kwakukhona uSheila, ingulube kaMnumzane Khumalo, eyayibhampa eshubhini likagandaganda. Wonke amakati ayembhekile, amakhanda awo eya phezulu ebuyela phansi ngesikhathi ede ekhuphuka, abuye akhuphuke futhi.



“You mean they wanted to trap us and sell us?” asked someone. “Yes,” said Theo. “That’s what the poster says.” The crowd stared at the Brothers Sly and started to move towards them. The Brothers scrambled to their feet.

“Ngabe usho ukuthi bebefuna ukusibamba ukuze basidayise?” kubuza omunye. “Yebo,” kusho uTheo. “Isho njalo iphosta.” Isixuku sabuka obrothers Sly sase sisondelele kubo. Izelamani zazama ukusukuma.

“Run!” they screamed at each other. And run they did. They left the van behind and ran as fast as they could, all the way to ... *WHO KNOWS WHERE.*

“Baleka!” besho bememezana. Bahlaba ngejubane. Bashiya iveni ngemuva bakhipha lonke ijubane ababenalo, bayosithela ... *LAPHO OKUNGAZIWA KHONA.*



“Are they gone? Will they come back?” asked a terrified tortoise. “Nothing comes back from there,” someone said. “When I lose something, it’s gone. It’s gone to *WHO KNOWS WHERE* and I never find it again.”

“Ngabe bahambile? Ngabe bazobuya?” kubuza ufudu olwethukile. “Akukho okubuya laphaya.” kusho omunye. “Uma ngilahlekelwa yinto, ihambe iye *LAPHO OKUNGAZIWA KHONA*, angiphinde ngiyithole futhi.”

Get story active!



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Theo and the circus act* (pages 5, 6, 11 and 12), *Shongololo's shoes* (pages 7 to 10) and *Prince Sugar and Awande, the baker* (page 14).

Nayi eminye yemisebenzi eqondene nawe ukuthi uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *UTheo nomnyakazo wesekisi* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Izicathulo zikaShongololo* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *UMntwana uShukela no-Awande, umbhaki* (ikhasi le-15).

Theo and the circus act

A circus is a group of people and animals that travels to different places to put on a show for adults and children who pay to see them. The people perform interesting, difficult or funny activities, such as walking on a rope high above the ground or being a clown. The animals are trained to do tricks, such as walking on their back legs only or jumping through rings of fire.

- ★ Do you think you would like to be a circus performer? What would you like to do?
- ★ Draw a poster inviting people to come and see your circus act.
- ★ Imagine that you are a circus lion that has to jump through rings of fire every day. Write a letter to your pride of lions in the bushveld telling them about your life as a circus lion.



UTheo nomnyakazo wesekisi

Isekisi yiqembu labantu nezilwane elihambela izindawo ezahlukahlukeni lenze umbukiso wabantu abadala nezingane abakhokhayo ukuze babukele. Abantu benza imisebenzi ethakaselekayo, enzima noma ehlekisayo, njengokuhamba phezu kwentambo endaweni ephakeme ngaphezu kwenhlabathi noma bahlekise. Izilwane ziqeqeshiwe ukuthi zenze okuphicayo, njengokuhamba ngemilenze yangemuva kuphela noma ukugxuma zichushe ezindilingeni zomlilo.

- ★ Ucabanga ukuthi ungakuthanda ukuba ngumdlali wesekisi? Yini ongathanda ukuyenza?
- ★ Dweba iphosta umeme abantu bazobona umnyakazo wakho wesekisi.
- ★ Zicabange usuyibhubesi lesekisi okumele ligxume lichushe eziyingini zomlilo nsuku zonke. Bhala incwadi eya emhlabini wakho wamabhubesi asehlathini uwutshale ngempilo yakho njengebhubesi lasesekisini.

Shongololo's shoes

Shongololo has lost his shoes. He asks the other animals if they can tell him where his shoes might be, but they are not being very helpful!

- ★ As you read the book together, talk about the different ways in which the animals are using Shongololo's shoes. Which of these ways do your children think is the cleverest? Which is the funniest?
- ★ Find all the animals from the story in the picture on pages 14 and 15 of the book. Together decide whether you think Shongololo feels happier now. Did he find all his shoes?
- ★ Let your children create their own imaginative shongololos! Cut a row from a recycled egg tray and then paint the sections different colours to make the shongololo's body and head. Cut some wool into pieces of about 5 cm long to make lots of legs. Use sticky tape to stick the legs on the inside of each section of the painted egg tray. Draw a face for the shongololo.

Izicathulo zikaShongololo

UShongololo, ishongololo, ulahlekelwe yizicathulo zakhe. Ubuza ezinye izilwane ukuthi zingamshela yini ukuthi ngabe zikuphi izicathulo zakhe, kodwa azimsizi ngalutho!

- ★ Ngesikhathi nifunda incwadi ndawonye, xoxani ngezindlela ezahlukene izilwane ezisebenzisa ngazo izicathulo zikaShongololo. Iyiphi kulezi zindlela izingane zakho ezicabanga ukuthi inobuhlakani kakhulu? Iyiphi ehlekisa ukudlula zonke?
- ★ Thola zonke izilwane zasendabeni esithombeni esisekhasini le-14 nele-15 lencwadi. Ndawonye nqumani ukuthi ngabe nicabanga ukuthi uShongololo uzizwa ethokozile yini manje. Ngabe uzithole zonke izicathulo zakhe?
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zizakhele awazo amashongololo ezizicabangela wona! Sika umugqa ethreyini lamaqanda elisetshenziswa kabusha bese upenda amagobolondo abe imibala ehlukeni ukuze wakhe umzimba kanye nekhandla lesongololo. Sika iwuli ibe yizinqamu ezingamasentiimitha ama-5 ubude ukuze wenze imilenze eminingi. Sebenzisa itheyiphu enamathiselayo ukuze unamathisele imilenze ngaphakathi kwegobolondo ngalinye lethreyi lamaqanda elipendiwe. Dweba ubuso beshongololo.



Prince Sugar and Awande, the baker

- ★ Imagine that you are a prince. Make a list of the things you would do for the people of your village.
- ★ Think of a special cake that you would ask Awande, the baker, to make for you. Write a recipe for your favourite cake and draw a picture of the cake.



UMntwana uShukela no-Awande, umbhaki

- ★ Zicabange usuwumntwana wasebukhosini. Yenza uhlu lwezinto ongazenzela abantu besigodi sakho.
- ★ Cabanga ngekhekhe elikhethekile ongacela u-Awande, umbhaki, ukuthi akwenzele lona. Bhala isu lokwenza lokubhaka ikhekhe lakho olithandayo bese udweba isithombe sekhekhe lelo.



Drive your imagination



Prince Sugar and Awande, the baker

Written by Ayanda Hlatshwayo ■ Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

There was once a prince named Sugar. Prince Sugar was named after his love of sweet treats like cakes, biscuits, tarts, doughnuts and puddings. Prince Sugar was so spoilt that he wouldn't share any of his sweet treats with the village children.

"Nobody eats my cakes! Understand, Mary? That is the law!" said Prince Sugar to the royal baker. "The cakes, biscuits and tarts all belong to me and me alone."

One day, a mysterious new baker arrived in the village. She started handing out slices of cake and biscuits to all the children. When Prince Sugar heard about this, he became very angry and sent his guards to arrest the baker and bring her to him.

"How dare you enter my village and start giving out treats to the children. It is against the law!" shouted Prince Sugar angrily.

"Your Highness, I apologise sincerely. Please allow me to fix my mistake by baking for you alone," replied the baker, whose name was Awande. "I will bake you a new treat every day. These treats I bake are very special. You have to eat the whole treat within a day."

"Of course, I'll be able to finish a treat every day!" said the Prince greedily.

"Very well," replied Awande with a smile.

So, every morning, Prince Sugar received a freshly baked treat, which he gobbled up. As the days passed, the treats seemed to be tastier and bigger. Prince Sugar was very happy, and he finished all these delicious cakes, biscuits and tarts without sharing even a tiny piece with the village children.



But as the treats grew bigger and bigger, Prince Sugar found that he could no longer finish them. He had to store them in a secret part of the palace so that Awande wouldn't know that he wasn't finishing a treat every day.

After a few weeks, Prince Sugar had had to store so many treats that no more would fit into the secret place. So, he called his servants and Mary, the royal baker, and ordered them to throw away some of the treats.

"Make sure that Awande doesn't see you doing this," he commanded.

So, the next morning Mary and the servants carried the leftover treats deep into the forest behind the palace. But a mysterious thing happened: that night, while everyone slept, all the treats that had been thrown in the forest reappeared in the palace!

The next morning, Awande, the baker, arrived with a fresh sweet treat and demanded to see Prince Sugar.

"Did you think I would not know if you threw my treats away? Did you not agree to eat the whole treat that I sent by the end of the same day? I warned you in the beginning that my treats were special and that you would have to finish each one," said Awande angrily.

Prince Sugar started to feel a little afraid and his stomach felt a little sick, but he ate and ate until he had finished the leftover treats plus the one that Awande had brought that day.

"I no longer enjoy the treats," said Prince Sugar the next morning when Awande arrived with the treat of the day.

"A promise is a promise, your Highness," said Awande.



The prince looked sad. "What can I do to stop you from baking treats for me every day?" asked Prince Sugar.

"You are called Prince Sugar because you love sweet things. Yet, because of your laws, other children don't know sweetness," replied Awande. "So, you must eat and eat the treats, until the children's mouths are sweet." With that, the baker turned around and walked out of the palace, leaving a big, tasty cake for Prince Sugar to eat.

Prince Sugar thought and thought about what Awande had said but he did not understand. How could the children's mouths be sweet if he was the only one eating Awande's treats? So, the prince went for a walk in the garden where it was quiet. He had to think of a way to stop Awande from bringing sweet treats to him every day.

As he was walking along, a soccer ball flew over the high garden wall and landed in the bushes. Next a scruffy little boy appeared over the wall to fetch the ball. When he saw Prince Sugar, he nearly fell over with fright.

"Your Highness, I am so sorry. I just came to get the ball back," said the terrified boy.

Prince Sugar was so busy thinking of a plan to stop getting sweet treats that he forgot to be angry.

"Before you fetch your ball," he said, "please tell me what would make your mouth sweet."

"Things made with sugar, your Highness," said the little boy shyly. "Cakes and doughnuts and biscuits – all the things we are not allowed to eat."

The little boy looked so sad when he said this that Prince Sugar suddenly felt ashamed. For the first time, he saw how selfish he had been. He had so many treats that he no longer enjoyed them, but the village children had not tasted anything sweet for a very, very long time.

The prince hurried back into the palace and sent for Awande.

"Awande," he said, "I've been selfish and silly. I would like to have a party for the people of the village. Please bake your treats for the children and their parents too. From today, everyone may eat sweet things if they wish to."

Awande smiled. "With pleasure, your Highness!" she said, and she baked the fanciest and most delicious cakes, biscuits and tarts that the village people had even seen or tasted. And they ate and ate until they were satisfied.

The following morning, Awande, the baker, had disappeared without a trace. Prince Sugar continued to hold parties for the people of the village – but now he and Mary did the baking themselves.



UMntwana uShukela no-Awande, umbhaki

Ibhalwe ngu-Ayanda Hlatshwayo ■ Imdwebo nguChantelle noBürgen Thorne

Kwakukhona umntwana wasebukhosini obizwa ngokuthi uShukela. UMntwana uShukela wayethiwe kanje ngenxa yothando lwakhe lwezinto ezimnandi ezifana namakhekhe, amabhisikidi, amathathi, amadonathi kanye nophudingi. UMntwana uShukela wayetotisiwe ngendlela yokuthi wayengakwazi ngisho ukwabelana ngezinto ezimnandi nezingane zesigodi.

"Akekho umuntu odla amakhekhe ami! Uyezwa, Mary? Lowo ngumthetho!" kwasho uMntwana uShukela eqondise kumbhaki wasebukhosini. "Amakhekhe, amabhisikidi kanye namathathi konke ngokwami futhi okwami ngedwa."

Ngolunye usuku, kwafika umbhaki ongaqondakali esigodini. Waqala ukuphanda ngezingcezu zamakhekhe namabhisikidi kuzo zonke izingane. Lapho uMntwana uShukela ezwa ngalokhu, wathukuthela kakhulu wayesethumela abaqaphi bakhe ukuthi babophe umbhaki bese bemletha kuye.

"Awukwazi wena ukungena esigodini sami bese uvele unikeza izingane izicoficofi. Lokho kungukwephula umthetho!" kuthetha uMntwana uShukela ecasukile.

"Wena weNkosi, ngixolisa kakhulu. Ngicela ungivumele ngilungise iphutha lami ngokuthi ngibhakele wena kuphela," kuphendula umbhaki ogama lakhe kwakungu-Awande. "Ngizokubhakele okusha okumnandi nsuku zonke. Lezi zicoficofi engizibhakayo zikhethekile kakhulu. Kumele udle sonke isicoficofi ngosuku olulodwa."

"Ngempela, ngizokwazi ukuqeda isicoficofi nsuku zonke!" kwavuma uMntwana ngobugovu obukhulu.

"Kuhle kakhulu," kuphendula u-Awande ngokumoyizela.

Ngakho, njalo nje ekuseni, uMntwana uShukela wayethola isicoficofi esibhakwe ngalelo langa, ayesimimilita. Ngokuqhubeka kwezinsuku, izicoficofi zaziba mnandi kakhulu futhi ziba nkulu. UMntwana uShukela wayejabule kakhulu, futhi wayewaqeda wonke la makhekhe, amabhisikidi namathathi amnandi ngaphandle kokuzipha ngisho nocezu izingane zesigodi.



Kodwa-ke lapho izicoficofi zilokhu ziba nkulu, uMntwana uShukela wayengasakwazi ukuziqeda. Kwakumele azigcine endaweni efihlekile yesigodlo yikhona u-Awande engezukwazi ukuthi akasiqedi isicoficofi sosuku nosuku.

Ngemuva kwamasono ambalwa, uMntwana uShukela wayesebeke izicoficofi eziningi ngale ndlela yokuthi zazingasakwazi ukungena endaweni eyimfihlo. Ngakho-ke, wabiza abasebenzi bakhe kanye noMary, umbhaki wasebukhosini, wabatshela ukuthi balahle ezinye zalezi zicoficofi.

"Niqinisekise ukuthi u-Awande akaniboni nenza lokhu," kuyalela yena.

Ngakho-ke, ngakusasa ekuseni uMary kanye nabasebenzi bathatha izicoficofi ezazisele baziyisa ekujuleni kwehlathi elingemuva kwesigodlo. Kodwa-ke kwavele kwenzeka into eyisimangaliso: ngalobo busuku, ngesikhathi wonke umuntu elele, zonke izicoficofi ezazilahle ehlathini zaphinda zavumbuka esigodlweni!

Ngakusasa ekuseni, u-Awande, umbhaki, wafika nesicoficofi esisha esimnandi wafuna ukubona uMntwana uShukela.

"Ubucabanga ukuthi angeke ngazi ukuthi uzilahle izicoficofi zami? Awuzange yini uvume ukuthi uzosidla sonke isicoficofi engisithumelayo ngokuphela kwalona lolo suku? Ngakwexwayisa ekuqaleni ukuthi izicoficofi zami zikhethekile ngathi nokusho kufanele usiqede ngasinye," kwasho u-Awande ngokucasuka.

UMntwana uShukela waqala ukuzwa esenokwesaba okuncane nesisu sakhe wasizwa sesigulagula, kodwa wadla, wadla, kwaze kwabe uyaziqeda zonke

izinsalela zezicoficofi kuhlanganisa naleso u-Awande ayesilethile ngalolo suku.

"Angisaziithokozeli lezi zicoficofi," kwasho uMntwana uShukela ngakusasa ekuseni lapho u-Awande efika nesicoficofi sosuku.

"Isethembiso yisethembiso, wena weNkosi," kwasho u-Awande.



UMntwana wayebukeka edangele. "Yini engingayenza ukukumisa ukungibhakele izicoficofi nsuku zonke?" kwabuza uMntwana uShukela.

"Ubizwa ngoMntwana uShukela nje ngoba uyaziithanda izinto ezimnandi nezinoshukela. Kodwa, ngenxa yemithetho yakho, ezinye izingane kazibazi ubumnandi obusashukela," kwaphendula u-Awande. "Ngakho, kumele ube lokhu uzidla izicoficofi, imilomo yezingane ize ibe noshukela." Esekushilo lokho, umbhaki waphenduka wayesephuma esigodlweni, eshiya elikhulu ikhekhe, elinambithekayo ukuze uMntwana uShukela alidle.

UMntwana uShukela wacabanga, wacabanga ngalokho u-Awande ayekushilo kodwa akaze akuqondisisa. Yayizoba noshukela kanjani imilomo yezingane uma ngabe kwakunguye yedwa odla izicoficofi zika-Awande? Ngakho-ke, umntwana wathi ukuhambahamba esivandeni lapho kwakuthule khona. Kwakufanele acabange indlela yokuyekisa u-Awande ukuletha izicoficofi ezimnandi nsuku zonke.

Ngesikhathi esazihambela nje, ibhola lezinyawo landiza ngaphezu kothango olude lwesivande lawela ezihlahleni. Okulandelayo, umfanyana omahlkihliki nje wavela phezu kothango ezolanda ibhola. Ngenkathi ebona uMntwana uShukela, wacishe wawa phansi ngenxa yovalo.

"Wena weNkosi, ngiyaxolisa kakhulu. Ngize ukuzolanda ibhola nje," kwasho umfana owesabayo.

UMntwana uShukela wayematasa ecabangana nesu lokumisa ukuthola izicoficofi ezimnandi ngangokuthi waze wakhohlwa ngisho ukucasuka.

"Ngaphambi kokuthi ulande ibhola lakho," kusho yena, "ngicela ungitshele ukuthi yini engenza umlomo wakho ube mnandi sashukela."

"Izinto ezenziwe ngoshukela, wena Wenkosi," kwasho umfanyana ngamahlonyana. "Amakhekhe namadonathi kanye namabhisikidi – zonke nje izinto thina esingavunyelwe ukuthi sizidle."

Umfanyana wayebukeka edangele ngesikhathi esho lokhu ngangokuthi uMntwana uShukela wavela wazizwa eseshaywa amahloni. Okokuqala ngqa, wabona ukuthi ubelokhu ezicabangela yena yedwa. Wayethole izicoficofi eziningi ngale ndlela yokuthi wayengasaziithokozeli, kodwa izingane zesigodi zazingakaze zinambithe nanoma yini emnandi sashukela esikhathini eside kakhulu.

UMntwana waphuthuma emuva esigodlweni wathumela ukuthi kubizwe u-Awande.

"Awande," kwasho yena, "bengilokhu ngizicabangela mina ngedwa futhi nginobulima. Ngingathanda ukuba nomcimbi oqondiswe kubantu besigodi. Ngicela ubhake izicoficofi zakho wenzele izingane kanye nabazali bazo. Ukusukela namuhla, wonke umuntu angazidla izinto ezimnandi ezisashukela uma efisa kanjalo."

U-Awande wamoyizela. "Ngokuthokoza okukhulu, wena Wenkosi!" kwasho yena, wase ewabhaka amakhekhe, amabhisikidi namathathi ahlukisiwe namnandi kakhulu abantu besigodi ababengakaze bawabone noma bawanambithe.

Hhawu, badla, badla baze basutha.

Ngakusasa ekuseni, u-Awande, umbhaki, wayesenyamalele kungaziwa namkhondo wokuthi ukuphi. UMntwana uShukela waqhubeka nokwenzela abantu besigodi imicimbi – kodwa manje yena noMary base bezibhakele bona ngokwabo.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



We will be taking a break until the week of **29 July/3 August 2021**. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike **isonto lomhla zi-29 kuNtulikazi/3 kuNcwaba kowezi-2021**. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!

1.

Can you match the children and their mothers?
Ungakwazi ukuqondanisa izingane nonina?



Hope
uHope



Afrika and Dintle
u-Afrika noDintle



Neo and Mbali
u-Neo noMbali



Bella
uBella

1.

Under each character's picture, write their favourite colour, snack and place to visit. Choose from the answers in the word cloud.

Ngaphansi kwesithombe somlingiswa ngasinye, bhala umbala awukhonzile, isineki kanye nendawo ayivakashelayo. Khetha izimpendulo emfanekisweni wefu onamagama.

green banana
go to the beach red ice cream
go to soccer matches purple cheese and tomato rolls
go to karate competitions blue salt and vinegar chips
go to kite flying competitions

oluhlaza okotshani ubhanana
ukuya olwandle obomvu u-ayisikhilimu
ukuya emidlalweni yebhola obukhwebezane amaroli anoshizi notamatisi
ukuya emincintswaneni yomkhalambazo oluhlaza okwesibhakabhaka amashipi anosawoti noviniga
ukuya emincintswaneni yokundizisa amakhayithi



.....

.....

.....

.....



.....

.....

.....

.....



.....

.....

.....

.....



.....

.....

.....

.....

Answers: 1) A = Neo and Mbali, B = Hope, C = Bella, D = Afrika and Dintle. 2) Bella = green, banana, go to the beach; Neo = red, ice cream, go to soccer matches; Hope = purple, cheese and tomato rolls, go to karate competitions; Josh = blue, salt and vinegar chips, go to kite flying competitions; u-ayisikhilimu, ukuya emidlalweni yebhola; uHope = obukhwebezane, amaroli anoshizi notamatisi, ukuya emincintswaneni yomkhalambazo; uluhlaza okwesibhakabhaka, amashipi anosawoti noviniga, ukuya emincintswaneni yokundizisa amakhayithi!



Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

EYETHU

BONUS

LENTSWÉ

RIDGE TIMES



Drive your imagination

